**IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni**

***Intshumayelo ngesonto elithiwa Seksagesime, ngomhla ka 03. 02. 2013 12/2013***

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 79/72

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Baba osezulwini, unguMdali wethu thina siyizidalwa zakho. Siyafisa, sinxanela ukuphilela wena ngokukholwa nguwe nokuyenza eyakho intando. Xosha amandla obumnyama eduze nathi ukuze siphilele wena njalo. Thethelela ububi beziphambeko zethu njalo. Nkosi, siphe ukuzithoba njalo phambi kwakho ukuze silizwe izwi lakho, lisebenze okuyintando yakho kithi, size sibonge ngemisebenzi yethu emihle yokukholwa kuwe. Konke esikucelayo, sikucelile kuwe Mthathwemunye oNgcwele okhona manje noyakuba khona kuze kube phakade. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-maHeberu 4:12-13;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 8:4-15.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 185/119

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7.** **Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuIsaya 55:6-12a, lithi: “Mfuneni uJehova esenokutholwa, nimbize eseseduze. Omubi makashiye indlela yakhe, nomuntu owenza okubi imicabango yakhe, abuyele kuJehova, uyakuba nomusa kuye, yebo, abuyele kuNkulunkulu wethu, ngokuba uyakwenza ukuthethelela kube kukhulu. Ngokuba imicabango yami ayisiyo imicabango yenu, nezindlela zenu azisizo izindlela zami, usho uJehova. Ngokuba njengamazulu ephakeme kunomhlaba, kanjalo izindlela zami ziphakeme kunezindlela zenu, nemicabango yami kunemicabango yenu. Ngokuba njengokwehla kwemvula neqhwa ezulwini, kungabuyeli khona, kepha kuwunethisa umhlaba, kuwenze ukuba uthele, uhlume, unike ohlwanyelayo inhlwanyelo nodlayo isinkwa, liyakuba njalo izwi lami eliphuma emlonyeni wami: aliyikubuyela ze kimi, lingakafezi lokhu engikufunayo, liphumelele kulokhu engilithumele kukho. Ngokuba niyakuphuma ngokuthokoza, niholwe ngokuthula.” Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo kakhulu eNkosini yethu uJesu Kristu, ngesinye isikhathi uNkulunklu uthumela uhlupho kumuntu ongumntwana wakhe ngenhloso enhle, kungeyona inhloso embi, leyonhloso ngeyokuba amsuse endleleni embi, amlethe endleleni enhle nethandekayo kuye. Leyondlela ingeyokuphila, inguJesu iNkosi noMsindisi wethu, Joh. 14:6. Kungathi nakulesisizwe sakhe uIsrayeli sitsheliwe ukuthi bazohlupheka kabi eBhabhiloni. Singabantwana bakhe, nokho sihambile ngezinye izindlela ezazingathandeki kuNkulunkulu, wasibiza kulezozindlela ngomlomo womprofethi uIsaya uthi: Masishiye lezozindlela, sifune eyakhe. Simbize yena eseseduze, omubi ashiye ububi lobo, naleyomicabango yobubi, abuyele kuJehova onomusa, abuyele kuNkulunkulu, acele intethelelo ayifumane. Esikhathini sokuphila kwethu akusibiziwe idlanzana elithile, noma izizwe ezithile, kodwa kubizwe bonke njengokusho kwevesi lokuqala kuso isahluko salelitekisi elithi: We nina nonke enomileyo wozani emanzini, nani eningenamali wozani nithenge ngaphandle kwemali, yebo iwayini nobisi kungabizwa lutho. Bonke abomele injabulo eyonayona nemiyo njalo, labo bomele okukaMoya oNgcwele kaNkulunkulu labo yizoni ezibizelwe kuyo intethelelo ekuJesu othi mina noBaba simunye, Joh. 10:30.

Lendaba-ke, bathandekayo, iyindaba yomusa, into esenzelwa yona, ibe ingasifanele. Sihawukelwe, ngoba kubonakala okukhulu ukoma kithi, ngenxa yezono neziphambeko zethu. Isono siyaxosha uMoya kaNkulunkulu eduze nesoni. Isoni sona maqede some kokukaMoya. Sibizelwa-ke kulamanzi okuphila, lwawamanzi anguJesu uqobo lwakhe, Joh. 4:14. Akujwayelekile-ke ukubona umuntu enqaba usizo lwamahhala, ebe ekudinga, kodwa, uma lolosizo kunguJesu, abaningi bayalwenqaba ngenxa yesono esinamathela kithi. Uma kuyinto ephatheka ngesandla into yomhlaba akwenqabeki. Masiqaphele, makholwa, lelilizwi elithi: Masimfune esenokutholwa, masimbize eseseduze. Okusho ukuthi ngamanye amazwi kukhona isikhathi lapho engasenakutholwa nalapho engasayikuba seduze nathi, akatholwa ngezikhathi zonke. Emva kokufa akasatholakali kwabangamtholanga nganeno kokufa. Umusa usuphelile ngosuku lokwahlulelwa, awusatholakali lomusa. Lendaba ithi mayifane nale eyesicebi uDives esafuna umusa wokusizwa nguLazaru ngesikhathi esingafanele. Umusa wawungasekho, Luk. 16:26. Noma sesicelele abasemhlabeni ukuba kusuke ongale endaweni yohlupho, eze emhlabeni, ukuze abaxwayise abasemhlabeni, kodwa uAbrahama wathi: BanoMose nabaprofethi mabezwe bona, Luk. 16:29. Kuyabonakala, mhlobo othandekayo, ukuthi izwi elikhulu lithi **“akafunwe uJehova, kusenethuba, afunwe esatholakala!”** Izizathu zalokhu ingoba uJehova akacabangi njengathi, ukuhlela kwakhe akufani nokwethu. Thina sihlela ngenye indlela okwethu ukuhlela kuyavama ukuba namaphutha nezono, uma besingammemanga yena ekuhleleni kwethu, uSathane

uzosihlelela asihlelise, ukuze asibulale, izwe lizosihlelisa, nenyama yethu izosihlelelisa, ingakho sibizelwa ekuphendukeni-ze sesilizwile izwi, simbize kusenamuhla. Siyeke izethembiso zosuku olulandelayo, ngoba luti noma lufika lona sibeke olunye ekugcineni, lugcina lungafikanga, kuphela kufika olokuphelelwa yilomusa. Makungenzeki kanjalo kithi. Masimfune esafunyanwa. Utholakala embhapathizweni ongcwele, atholakale esidlweni seNkosi, atholakale ezwini lakhe, atholakale kuwo uMoya oNgcwele. Ngokuba kunjengamazulu ephakeme kunomhlaba, kunjalo izindlela zami ziphakeme kunzindlela zenu, nemicabango yami kunemicabango yenu. Esinye isizathu sokufuna uJehova ingoba uJehova anguJehova wezithembiso, uthi: Ngokuba njengokwehla kwemvula neqhwa ezulwini kungabuyeli khona, kepha kuwunethisa umhlaba, kuwenze ukuba uthele, uhlume, unike ohlwanyelayo inhlwanyelo, nodlayo isinkwa, uthi, liyakubanjalo izwi lami eliphuma emlonyeni wami, aliyikubuyela-ze kimi, lingakafezi lokhu engikufunayo, liphumelele kulokhu engilithume kukho. UJesu iNkosi wathunyelwa, ukuze afeze insindiso yethu sonke, ukuzalwa kwakhe, ukubonakaliswa kwakhe ezizweni zonke, ukusihluphekela nokusifela kwakhe, kanjalo nokuvuka ekufeni, insindiso ifunyanisiwe. Okwethu ukuba sizwe izwi elithi: Umbuso kaNkulunkulu ususondele, phendukani, nikholwe yivangeli, Mark. 1:15. Sizwe izwi elithi okholwayo abhapathizwe uyakisundiswa, Mark. 16:16. Uma-ke sesilizwile lelolizwi leNkosi uJesu, salenza, alisayikubuyela-ze kuNkulunkulu, kodwa lozenza izimpilo zethu, lizizuzele impilo ende kakhulu, leyo eyaphakade ezulwini. Siyakuholwa ngokuthula nathi, sikhululiwe emaketangweni kaSathane okufa. Inhlokomo iyakuba nkulu ezulwini. Yiso isethembiso esihle leso, masikholwe yiso, sikhululwe olakeni lukaNkulunkulu, sikhululwe ekufeni kwaphakade, sikhululwe ngomusa kaNkulunkulu, sikhululwe ngegazi leNkosi uJesu. Masifune yena, simmeme njalo-njalo. Amen.

9. **Umkhuleko:** Siyabonga, Nkosi, Nkulunkulu wethu ngenxa yomusa wakho omuhle nezethembiso zakho ezinhle kithi. Sihole njalo-njalo, ungasishiyi esonweni, ungasishiyi ekufeni kwaphakade, kodwa usiphe ukuphila iminyaka eminingi kakhulu le ezulwini kuze kube phakade ngaye uJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 187/156 Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2006 ngu-I. Ngwenya.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.